



The Office Of The Principal and Vice - Chancellor

**USOLWAZI MS MAKHANYA, UTHISHANHLOKO NESEKELA-
SHANSELA**

**INYUVESI YASENINGIZIMU
AFRIKA**

**AMAZWI OKWAMUKELA, UMGUBHO WEMINYAKA EYI-145 I-UNISA
YABA KHONA**

**E-ZK MATTHEWS GREAT HALL, THEO VAN WIJK BUILDING, UNISA
MUCKLENEUK CAMPUS**

**4 Ntulikazi 2018
ngo-9:30**

- Mphathi Wohlelo: UDkt Somadoda Fikeni, uMqondisi: Imisebenzinhloso Ekhethekile noMeluleki kaThishanhloko NeSekela-Shansela
- Umhlonishwa, uDkt Thabo Mbeki, iShansela leNyuvesi YaseNingizimu Afrika, umsingathi weThabo Mbeki African Leadership Institute nowayengumongameli weRiphabhlikhi YaseNingizimu Afrika

- UNgqongqoshe OHloniphekileyo uNaledi Pandor, iLungu LePhalamende, uNgqongqoshe Wezemfundo Ephakeme Noqeqesho
- UMnu Sakhi Simelane, uSihlalo woMkhandlu We-Unisa kanye namalungu oMkhandlu akhona
- Abahlonishwa, izikhulu zamahhovisi amanxusa amazwe namanxusa akhona
- Amalungu esigungu esiphezulu sase-Unisa kanye nabo bonke abaphathi
- UMnu Nkatho, omele uMengameli woMkhandlu Wabafundi, iSRC kanye nawo wonke amalungu e-NSRC
- UMnu Mhlungu, uMongameli woMhlangano
- Abamele uhulumeni kazwelonke nowezindawo
- Amalungu omphakathi wezamabhizinisi
- Abamele izikhungo ezahlukahlukene zemfundo ephakeme
- Izihambeli eziya kwiNgqungquthela yezoMnotho i-Inbound Economic and Benchmarking Conference 2018, eyengamelwe yihhovisi likaSodolobha OMkhulu, weCity of Tshwane
- Abasebenzi base-Unisa nabafundi, kanye namalungu omndeni wethu wase-Unisa ezifundeni ezibungaza kanye nathi ngokubheka izisabalalisimininingwane
- Abaholi bezinhlangotho zabasebenzi
- Abanandisi bomcimbi bethu, engitshelwe ukuthi abanye babo bangabasebenzi nabafundi

- Amalungu ahloniphekile athamele lo mcimbi

Nginibingelela nonke ngenhlokomo ngiphinde nginamukele ngenkulu imfudumalo esontweni okungenzeka kube ngelibanda kakhulu kunawo wonke kulo nyaka eNingizimu Afrika. Ngiyathemba ukuthi imigubho yanamhlanje

izofaka kithina imfudumalo engapheli. Kanti futhi, kukona lokho kubanda, sithokozela ukuzwa izindaba zezimvula ezinhle edingekayo eKapa kanye nempumuzo eziza nayo kwizakhamuzi zethu zakuleso sifundazwe.

Siselapho, akukho nzima kangako ukuhlenganisa uphawu losiko lobu-Afrika lwesibusiso nesiqalo se-Unisa nalelo dolobha, eminyakeni eyikhulu namashumi amane nanhlanu eyedlule. I-Unisa nayo ibilokhu iqhubeka nokuba yigugu lezwe nesibusiso. Futhi njengoba nginesiqiniseko sokuthi sonke siyawazi umlando we_Unisa okumnandi ukuzwa ngawo novelele kakhulu, ngingaphinde ngisho futhi ukuthi i-Unisa ingumqambi wamanyuvesi iStellenbosch neCape Town, kamuva kwase kwaba khona iWitwatersrand, iPretoria, iNatal (UKZN), i-Orange Free State (UFS), iRhodes nePotchefstroom (UNW), okwakungamakhholiji ayengaphansi kwayo. Okungaziwa ngabaningi ngukuthi uhulumeni wakudala wazama ukuphoqa i-Unisa ukuba ibe yisikhungo esisebenzisa isiBhunu kuphela, isikhungo sangavuma, nokwaholela ekuqanjweni kwe-*Rand Afrikaanse*

Universiteit, esiguquke yaba yiNyuvesi yaseJohannesburg. Ngakho-ke, Shansela, njengoba, ngifuna ukucaphuna enkulumweni yakho Mnu Shansela, "ubukhona bami (bethu-ke kodwa njengamanje) babungeke kube khona ngaphandle kokuba khona kwamagquma, izigodi, izintaba, amabala, imifula, izingwadule, izihlahla, izimbali, izilwandle kanye nezinkathi zonyaka ezishitshashintshayo ezichaza ubunjalo bezwe lethu lendabuko", iningi lamanyuvesi aseNingizimu

Afrika ayengeke abe khona ukube i-Unisa ayibanga khona! Ngakho-ke, ngamukela ngokukhethekile nina bozakwethu basezikhungweni ezingozakwethu abaphakathi kwethu namhlanje – singabomndeni owodwa okwangempela, njengoba negama lisho nje.

Kusobala ukuthi izimpande ze-Unisa zibambebele zagxila emhlabathini wethu wase-Afrika. Le nyuvesi seyondle – yaphinde yondliwa – yinqwaba yezizukulwane zezifundiswa, okuvezwa ngokusobala yizinkulungwane zamakhulu abafundi abagogode e-Unisa abamele wonke amazinga emphakathini nabatholakala kuyo yonke imikhakha yomphakathi kanye nasemisebenzini kahulumeni neyezinkampani zangasese emhlabeni wonke jikelele – nabasebenze baphumelela ngamalengiso. Ngicabanga ukuthi nizovuma ukuthi lokhu kungukufezwa komsebenzi okumangalisayo negalelo elimangalisayo. Kanti futhi umbononhloso we-Unisa kusayiwo lowo othi "iNyuvesi yase-Afrika ebumba ikusasa ngokuhlinzeka izidingo

kubantu" - kufinyeleleka kalula kuyona kubo bonke abafanelekile ukungena enyuvesi nabazimisele ukusebenzela izwe nezwekazi lethu.

Kodwa makhosazane namakhosana, njengoba sigubha umlando wethu ovelele negalelofa lethu, singalinge sikhohlwe yikusasa lethu elivelele ngokulinganayo esilibumbayo nesiliqhubayo njengoba sikhuluma nje. Umuntu angathembela ekuthonyweni nasekushenxisweni yigalelofa isikhathi esingasingakanani ngaphambi kokuba libe ngumsime - mhlawumbe kungaba nayisiviko - ngenxa yokungabi nambononhloso nokungenzi lutho okuqonde ekusaseni eliqhakazile, elihambisana nempumelelo nelisebenza ngenkuthalo. Uma kwenzeka lokho, ngeke kungonakali.

Yikho nje ubona isu lethu ligxile lagamanxa

ekufezweni kwenyuvesi yase-Afrika ngokungasabi, eboshelwe nekhuthazwa ukuqanjwa kwezinto, ubuciko bokukwazi ukuqamba nokwenza izinto ezinhle noguquko olwenziwa ngokucophelela. I-Unisa ihlose ukuba yilangabi lezingahle neqophelo eliphezulu ekufundiseni nasekufundeni, ocwaningweni, ekuqambeni izinto ezintsha kanye nasekubandakanyeni umphakathi - phambili emaphikankani okwakha kabusha iNingizimu Afrika ne-Afrika.

Ukuze sifinyelele kulokhu, sizibophezele ekusebenziseni amandla abantu abaningi abathintekayo esitholile ukuthi bazimisele kakhulu ukudlala indima yabo ekuvuseleleni izwe kanye nezwekazi lethu. Empeleni, izinhlobonhlobo zabameleli abazibandakanye nathi namuhla zisho ncamashi esikushoyo ukuthi siyinyuvesiyabantu neyenzelwe abantu okwangempela, futhi sizosebenzisana nanoma ubani onombononhloso wezwe nowabantu bakhe ohambisana nombononhloso we-Unisa. Yize i-Unisa ingumdlalindima omkhulu kunabo bonke *emkhakheni* wezemfundo ephakeme eNingizimu Afrika, siphinde sibe yingxenye ebalulekile *yohlelo* lwezemfundo ephakeme eNingizimu Afrika futhi sisonke kumele siqinisekise uguquko oluzosiholela eqophelweni eliphezulu lwezingahle lwemfundo enhle kakhulu ngendlela esiyifunayo. Kanti futhi yebo, kuningi okusamele kwenziwe, kodwa ngiyaziqhenya ngokuthi sesiqale indlela eqondile nebonakalayo yokuqala ukwenza ushintsho oludingekayo ukuze kufezeke uguquko.

Sizinikele kakhulu ekuqinisekiseni ukuthi siyaqhubeka nokwandisa igalelofa lalabo asebeyihambile le ndlela nokuthi uphawu lwe-Unisa, "i-brand Unisa" luzoqhubeka nokudonsa inhlonipho nokubonga okwenzekayo kwizwekazi lonke nasemhlabeni wonke.

Kanti futhi yebo, impela sikhona isidingo sokubungaza. Kuyinjabulo

ngempela futhi kuyakhulula ukukwazi ukuthatha ikhefu elincane, ngibungaze ukugujwa kweminyaka eyi-145 yokwenza kahle umsebenzi nokuphonsa esivivaneni ngendlela engashintshashintshi. Siyajabula futhi siyaziqhenya ngalo mholi emiphakathini yethu noyinsika enkulu yokuthuthukiswa kwezwe lethu - okuyiNyuvesi yaseNinizimu Afrika.

Uhlelo lwanamhlanje luzohlinzeka ukuqonda okuthokozisayo nokuhlinzeka ulwazi maqondana nale nyuvesi kunalokho mina engikwazi ukukuhlinzeka ngesikhathi esincane enginikwe sona. Kwanele ukusho ukuthi sikwazisa kakhulu ukuba yingxenye yalo mndeni owehlukile nesikhungo eshlukile kanti futhi kuyasijabulisa ukuthi nani, nganodwana nangokobuningi benu, niphindile futhi naba yingxenye yohambo lwethu kanye negalelofa ezweni lethu, kwizwekazi lethu nasemhlabeni wonke. Samukela wonke umuntu ngenkulu imfudumalo futhi sisalindele okuningi okufana nalokhu.

Ngiyabonga